The English version of this message was sent on Sunday 11 April 2021 @ 17:49
Malungu

AMA-TRANSITIONAL LEAVE ASELE

Amalungu amaningi asethinte i-UKSU mayelana nodaba lwama-Transitional Leave abo asele. Ngicela nibheke kulokhu okunanyathiselwe lapho okungama-Transitional Arrangements – nizobona lapha ukuba unyaka wokugcina wokudayisa bekungunyaka wezi-2020. Lokhu akusho ukuthi amalivu asele ekupheleni konyaka wezi-2020 aseshabalele.

Okwenzekayo kusukela manje ukuthi njalo ngonyaka kuzotholakala izinsuku eziyi-10 kulezo ezisasele. Lezi zinsuku eziyi-10 kufanele zithathwe ngalowo nyaka futhi zizoshabalala uma zingathathwanga ngawo lowo nyaka wotholakala kwazo. Lokhu kuzokwenzeka minyaka yonke kuze kuphele izinsuku ezisele.

Sicela ukuba nikhumbule ukuthi le minininingwane yayiyingxenye yezethulo zangasekupheleni konyaka wezi-2017 nangowezi-2018. Izaziso ze-Uksu zangomhla ziyi-11 kuZibandlela (December) 2017 nomhla ziyi-16 kuMasingana (January) 2018, nangomhla ziyi-12 kuMbasa (April 2018) nazo zazinencazelo ngalokhu. Kwakunezimemezelo ezazikhishwe abase-HR emva kokuba uMkhandlu ukugunyazile lokhu isb. 16 kuNdasa (March) 2018.

IGUNYA LOKUSEBENZISA IZINSIZAKUSEBENZA LOSEBENZELA I-UKSU

Ongumsebenzi wasehhovisi le-UKSU (UKSU Officer) esikhathini esiyiminyaka eminingi ubenegunya lokuba angene ezinhlelweni zobuchwepheshe zaseNyuvesi, i-imeyili, ezokubika ngezezimali ze-UKSU, uhlelo lwezaziso lwenyuvesi njll. Kodwa, ngonyaka wezi-2021 lokhu kunqatshiwe ngu-ED: HR, yize inqubomgomo yase-ICS ikuvumela ukuba abantu abangesibona abasebenzi basenyuvesi bakwazi ukufinyelela kulezi zinhlelo. ISigungu esiphezulu se-UKSU sibone kufanele ukuba sifake isikhalo kuSekelashansela njengomphathi. ISekelashansela liphendule ngokuthi " Ngizobheka umuntu osenamava oneziqu ezifanele ukuba alubhekisise lolu daba anginike umbono engizosebenzela phezu kwawo. Lokhu ngizokwenza ngokukhulu ukushesha futhi ngizophendula uma sengithole umbiko".

I-UKSU ikubuka lokhu njengokulwisana nosebenzela ihhovisi layo manje kanye ne-UKSU uqobo. Lokhu kuphazamisa ukusebenza kwe-UKSU ngendlela efanele futhi kuphazamisa nosebenza ehhovisi ukuba enze umsebenzi wakhe njengokwezimiso ze-LRA.

UHLELO LOSOLWAZI BANGOMUSO

Udaba olushicilelwe kamuva nje i-Ndaba lubike ngalabo basebenzi abaqokelwe ohlelweni i-Future Professors Programme loMnyango WezeMfundo Ephakeme NokuQeqesha (Department of Higher Education and Training). I-UKSU iyabahalalisela laba basebenzi.

Lolu hlelo luhlose "ukulungiselela abangabufundisi abasakhula ukuba babe yingxenye yeqembu elisha losolwazi baseNingizimu Afrika emikhakhani ehlukahlukene. " lubhekiswe " kubafundisi abasebasha ukuze kuphuthunyiswe ukulungela kwabo ukuba osolwazi basenyuvesi".

I-UKSU ithemba ukuba lolu hlelo luzoqhubeka futhi iphakamisa nokuba abangamalungu ayo abakufanele ukubamba iqhaza nabo baqaphele uma sekukhishwa ezinye izimemo ngomuso.

EMINYE IMIBIKO KWEZOCWANINGO

Abangabafundisi bayakhunjuzwa ngezaziso ezikhishwe ngomhla ziyi-8 kuMbasa (April). Esisodwa esasethi"Black Academics Advancement Programme", evalwa ngomhla ziyi-16 kuMbasa (April). Esinye sasiyisimemo sokuqokelwa i-2021 NRF Awards, okuvala ngomhla zinga-20 kuMbasa (April).

